

Poetry Series

Sizwe A Zungu

- poems -

Publication Date:
2018

Publisher:
Poemhunter.com - The World's Poetry Archive

Sizwe A Zungu()

Love Me!

I walked blindly weaving in and out but all in vain,
I was eager and restless,
Walking around the people of the world,
I thought I'll find you waiting,
In place where there is no hunger.
Just asking for your love price,
The abundance of your love,
They say you have taken your paraphernalia and left,
You left message that you're not coming back!
I will write you a letter hopefully it find you,
Find you still wearing beads of happiness,
And read it singing the song of love
Surely you'll sing my poems
Sing and singing,
The song which appreciates heart and says 'Love me! '

Sizwe A Zungu

Mhla Ngifika Kuwe!

Mhla ngifika kuwe,
ngilindel' ungange, ungigone
ngifis' unginamek' enhliziyweni.

Ungihlinzeke ngezilokotho,
ngidle, ngimimilit' olwakho lwaphakade,
mhla ngifika kuwe!

Mhla ngifika kuwe,
ngiyodazuluka ngikhale ngimayeze!
Fun' ungiwol' ungitotose, ngingowakho.

Mhla ngifika kuwe,
ungalanduli ngothando,
ungangincish' intobeko, hhayi!

Mhla ngifika kuwe,
ngizoziphendul' isitetemi, bheka!
ngikhaliswe nawubala, isibili,
mhla ngafika kuwena!

Sizwe A Zungu

Ungangidangalisi Vemvane Lwami

Ungangidangalisi vemvane lami,
Ungadangal' uhoxis' uhambo Iwakho,
Ungashalaz' uphez' izindlela zakho,
Bhakuzis' amaphikwan' akh' akhangayo
Ndiz' uqhakaz' iqelete likulindile, muhlekazi wami!
Ngikuthand' usutshuza phakathi nezimbali zezwe
Ucwez' ukhazimul' okwesiliva!

Ngindizele vemvane lami,
Kade ngicib' ezaleni ngifun' ukukubona
Bengiklobe ngesivande nezimbali,
nazo bezimagange zimamathek' usazicwala
Pho-ke uzigwal' ukuyaphi lokh' uyacwazimula.
Ngindizele vemvane Iweziganga zomhlaba; -
Ngindizel' ugabise kusaphum' ilanga!

Ungadangali vemvane Iwami,
Ndiza ngibukel' uhlobis' izimbali
Nazo zincwaba zibukela kuwena,
Yithi ntinin' ubangis' empumalanga,
ufik' uxox' ugabise ngokuhloba kwakho!
Ungahlonizi vemvane Iwami
Ungangidangalisi vemvane Iwami!

Sizwe A Zungu

Yini Oyithandayo Ngami?

Ngitshele ngizwe,
Kade ngidwanguza
Emahlanzen' obumnyama
Nginyathel' izibi, ngibuye ngizendlale
Nawe ungangibuz' iziqhinqi namathandabuzo,
Ungang' ungananazi, ngitshele ngilalele.

Ngitshele ngizwe,
Ngizifanisa nekhasi lekhakhasi,
Elimuka nomoya okwesimukanandwendwe
Ngibuye ngikuxhake, naw' ungananazi
Ungixhakathis' okomunyov' okhalo,
Ungiqhumise ngohlek' ugaba, ugabise.

Yini oyithandayo ngami,
Ngamathizethiz' ogibe Iwemibandela,
Ngamagaba enhliziyo, igaba ingqabavula
Iwuka okwesiwula, nalaph' ingcol' okwengulube.
Ungithanda ngisho nginezibazi zobuxoki,
Ungiphephise laph' ngisobozelwa yizitha
Kanti yini le enhle ngami?

Sizwe A Zungu